



Abaqophi BakwaZisize Abakhanyayo Children's Radio project

Wawu ngumntwana nje / You were just a child

Jabulani, 14 years old, 2010

Jabulani: Manje siseKhishini uGogo ufuna kukorobha ikhishi ngolongo. Gogo, ngicela ungitshela isizathu ukuthi mina abangitshelanga ngani ukuthi baxabana kanjani - umama?

Now we are in the kitchen. My granny is about to plaster the floor with cow dung. Gogo, I would like to know why they did not tell me about what they were quarrelling about - my mother?

Gogo: Bakubukela phansi gogo, bakubuka ukuthi uyingane ngeke bakutshene izindaba zabo useyingane kakhulu, uzothini wena?

They thought you were young, a child, and they could not tell you their business because you were still a child, what were you going to do?

SFX: Sounds of dung being smeared on floor

Jabulani: Mina igama lami nginguJabulani ngihlala eMaranatha, ngifunda Okhayeni Primary School ngineminyaka ewu13 ngiphethe oka14.

Ngithanda ukudlala ibhola. Into engicasulayo – ngicasulwa ukuthi uma bapheka inyama yembuzi ekhaya, ngiyacasuka ngoba mina angiyidli.

Mina ekhaya ngasuka ngo2008, ngayofunda Okhayeni, ngayohlala noAnti, uAnti wangicela ekhaya ngoba efuna umuntu ozomhlalisa nazomthuma, UAnti ngiyamthanda, naye uyangithanda.

My name is Jabulani. I live in Maranatha, I attend school at Okhayeni Primary School, I am 13 years old, and I'm into my 14th year.

I like to play football. What annoys me – it annoys me when they cook goat meat at home. I hate that because I don't eat it...

I left home in 2008 to go to Okhayeni and live with my aunt. Auntie asked my parents for me because she needed someone to stay with and send on errands.

I love Aunt and she loves me too.

Jabulani: Mina indaba engifisa ukuxoxa ngayo yeyabazali bam, umama nobaba bahlukana, umama wahamba wayohlala kubo. Ngizizwa ngiphatheke kabi ngoba umama washiya abafowethu bangekho umuntu azohlala nabo. Indaba yami ukuthi ngifisa ukwazi kabanzi ukuthi umama wahambelani ekhaya. Ulwazi lwalendaba ngizoluthola kuAnti nogogo ngoba ngathi yibona abantu abayaziyo indaba

The story I want to talk about is about my parents. My mother and father separate. My mother left to live with her family. I feel bad because mother left us – she left my siblings with no one to live with. In my story I want to find out more about why mother left home. I will get information about this from my aunt and my grandmother because it seems like they know the story.

SFX: Sound of hangers moving on a rail

Jabulani: Manje sisesisitolo. Kunezimpahla ezidayiswayo...

We are here at a shop, there are clothes being sold here.

Anti: Mm, lamashirts lawa, eh lamashethi lawa angoR15, lamashethi la siyawadayisa la estolo, kumanje ngiye ngiwa-ayine, besengi khot-henga lapha bafike abantu bayibone ke kahle ukuthi hayi lesiketi ngiyasithanda hayi sihle, eh, bese besithenga ke, kanjalo.

Mm, these shirts are, uhm these shirts cost R15, these are the shirts we sell at the store. I iron them, and I sell them. I hang them on coat hangers and then people will come and see them and decide that this is a skirt and I like it, it is like that

SFX: Voices

Jabulani: Anti lapha ngize ngendaba engiphatha kabi ... Anti ngicela ukubuza ukuthi umama nobaba bahlukana kanjani?

Auntie, I am here about an issue that makes me feel bad ... Auntie I would like to ask you why my mother and father separated

Anti: Eyi, uma wakho Jabulani bahlukana ngendlela ebuhlungu emangalisayo, ngangokuthi ekuhlukaneni kwabo kwathe ngabe ubaba wakho ethola ukuthi isicathulo siphuma emzini kamuntu sihambe ngayizolo saphinde saphuma ekuseni, so uma ubaba wakho efika walandela lesicathulo wayobona siphuma emzini wendoda engenankosikazi ekuseni kakhulu.

So masibahlanganisa umama wakho wasekhuluma igama lokuthi ubaba wakho akasamthandi ngoba uyamhlukumeza. Wathi akasamfuni vele akamenzeli lutho, akenzi lutho so akasamthandi nje.

Oh, Jabulani, your parents separated in the most painful and shocking way. The way they separated is that your father saw footprints of someone who had come the previous night and left in the morning. So your father followed those shoe-prints very early in the morning and found that they came from the house of a man who had no wife.

So when we got them together, your mother said that she no longer loved your father because he abuses her. She said he doesn't do anything for her, and she no longer loves him.

Jabulani: Anti wena ucabangani ngokuthi mina uthi umama ngiyohlala kuye?

Auntie, do you think that I should go and live with mother?

Anti: Jabulani ayikho into engingayicabanga so kukuwe, uyathanda ukuya kuma wakho, uthanda ukuhlala nami noma uthanda ukuthi uye kubaba wakho, angazi kuwe mina. Kodwa mina ngendlela ukuthi ngangikucelela ukuthi ngoba mina anginangane laphana ekhaya, ungabuya sizohlala, sihlalisane before uzukhule nje ube wumuntu nawe ukwazi ukuthi uzibonela uma usukhula ukuthi wenzanjani.

Jabulani there's nothing for me to think. That is up to you, whether you would like to go to your mother or you would like to go to your father. I don't know, it's up to you. But because I asked for you to come here - because I do not

have a child here at home, I asked you to come and live with me - and we can live together until you grow up and are someone who makes his own decisions about what you want to do.

Jabulani: Anti ngiyabonga ngokungitshela indaba yami mayelana nabazali bami. Into enye futhi engifuna ukuyidlulisa kuphela bazali kubalulekile ukutshela izingane into eyenzeka ekhaya.

Sengilutholile ulwazi lwami, inhliziyo yami isikhululekile kahle.

Thank you auntie that you have told me – for telling me about my parents.

The message I want to leave is to parents: that it is important for parents to tell the children about the things that happen at home.

Now I have that information, my heart is free.



For further information contact:

Andrew Sitima
Zisize Educational Trust
andrew.sitima@gmail.com
+27 35 572 5500

Helen Meintjes
Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Web: www.childrenradioproject.ci.org.za